*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Iphupho likaGraça*
Written by Melissa Fagan
Illustrated and designed by Karlien de Villiers and Marike le Roux
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014.

ISBN: 978-1-928377-89-4

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Iphupho likaGraça



Melissa Fagan, Karlien de Villiers and Marike le Roux

UGraça wayesezozalwa emzini omncane eMozambikhi. Izwe lalihlupheka kanti abantu babengakazibusi. Izingane zazingenazikole ezinhle kanti iningi lalingakwazi ukufunda. Umama kaGraça wayefisa ukunikeza izingane zakhe amathuba angcono. Kodwa ngaphandle kwemfundo ithemba lalilincane.



Ingane enguGraça yayizoba wumntwana wesithupha. Kodwa ngalesi sehlakalo esithokozisayo kwakukhona ukuphatheka kabi okukhulu. Uyise abamthandayo wayesefa. Wayephupha ngokuthi indodakazi yakhe encane kunazo zonke ingafunda esikoleni esihle. Wayazi ukuthi imfundo izoyinika amathuba eyayingeke ize iwathole. Umndeni wakhe wathembisa ukulenza iphupho likayise lifezeke.



Ngemuva kwemasonto amabili uyise eshonile, kwazalwa umntwana omusha. Wethiwa igama elalihambisana nobuhle kanye nesibuziso ayeyikona – uGraça. Lapho yedlula iminyaka, uGraça waletha injabulo enkulu emndenini wakhe futhi basigcina isethembiso esenziwa kuyise. UGraça wayezothola imfundo enhle.



UGraça wasebenza kanzima esikoleni futhi kwathi eseyitshitshi wathola isipho esasizoguqula impilo yakhe. Lokho kwabe kuwumfundaze wokuya esikoleni esicebile sasedolobheni. Wayephupha ngokuba wuthisha kanye nokusebenzisa imfundo yakhe ukufundisa abanye. Wayefuna izingane zasezweni lakubo alithandayo iMozambikhi zikwazi ukufunda nokufundiseka. Wayephupha ngesikhathi lapho zonke izingane ziyokuya esikoleni.



UGraça wenza konke okusemandleni akhe kuleso sikole sasedolobheni, kwathi ngemuva kweminyaka wathola isibusiso futhi. Leso kwakungomunye umfundaze wokuya enyuvesi ekude kwelasePortugal. Watholana nabangani abasha, wafunda izilimi ezintsha futhi wafunda izincwadi eziningi. Lafezeke iphupho lakhe lokuba nguthisha.

Konke lokhu kwamjabulisa kakhulu uGraça. Kwakukhona into eyodwa nje eyayisalokhu imphatha kabi ...





Emuva ekhaya abantu babengakhululekile. Kodwa manje uGraça wayesephethe imfundo, amakhono, kanye nethemba. Futhi wayesenabangani ababezizwa ngendlela efanayo mayelana nelungelo lezingane lokufunda. Wasebenzisa ulwazi lwakhe, wasebenza nabangani bakhe. Bendawonye babezoletha uguquko eMozambikhi.

Ngosizo lwabangani bakhe ekugcineni,
iMozambikhi yakhululeka!



Indoda eyakhethwa ukuthi yengamele izwe kwakungumngani kaGraça okhethekileyo, uSamora Machel. Bathandana base beyashada.



UGraça wanikwa umsebenzi obalulekile wokuqinisekisa ukuthi zonke izingane eMbozambikhi zithola imfundo enhle. Kwakungumsebenzi onzima ngoba kwakunezingane eziningi kakhulu eMozambikhi ezazingakwazi ukufunda. Wayazi ukuthi zifuna imfundo futhi efuna ukwenza uguquko lwangempela ezweni lakhe. Waqala ezikoleni zamabanga aphansi efaka abafana namantombazane emakilasini. Ukufunda nokubhala kwakuyilapha agxile khona ebeka izincwadi ngqo ezandleni zezingane.







UGraça noSamora babenezingane ezimbili. Bobabili babelana ngephupho lokwenza impilo enhle benzela umndeni wabo kanye nabantu baseMozambikhi. Babejabule futhi benethemba.

Ngolunye usuku olwaba nesihluku, uSamora washona kuphahlazeka indiza.



UGraça wazilela uSamora iminyaka eminingi, kodwa waphinde waluthola uthando futhi. Wahlangana nendoda nayo eyayichithe impilo yayo iphupha ngokuletha inkululeko, ithemba kanye nemfundo kubantu bakubo.

UGraça washada noNelson Mandela, kwathi sebendawonye basebenzela ukusiza izingane zase-Afrika.



Amaphupho kaGraça asefezekile. Usebewuthisha. Usebungaze inkululeko yezwe lakhe. Wenza kwenzeka ukuthi izingane eziningi zithole imfundo, kanye namathuba okuthola izinto ezinkulu futhi.



Nantsi incwadi, mntwana wam. Izakukhuthaza ukuba wenze ntoni?

